



**HEALTH**  
KwaZulu-Natal

# ISIBHEDLELA I. R.K.KHAN



**IBHUKU LOLWAZI LEZIGULI**

## **UMBONO**

Ukubona isibhedlela i R.K.Khan singesiholayo ngempatho emkhakheni wezempilo Kwazulu Natali.]

## **INSELELO**

Ukunikeza umphakathi impatho yezempilo eseqophelweni eliphezulu, uzwelo nesineke esifundazweni sethu.

## **AMALUNGELO EZIGULI**

- . Indawo ephephile nenempilo
- . Ilungelo lwempatho yezempilo
- . Imfihlakalo ngokugula kwakho
- . Ukunikeza imvume yokuxilongwa
- . Ukutholakala kombono wesibili
- . Ukukhetha impatho yeimpilo
- . Ukuqhubeka kwempatho enhle
- . Ukumangala/ukugxeka
- . Ukusiza ezinqumeni ezenziwayo
- . Ukulashwa isikhungo esaziwayo emkhakheni wezempilo
- . Ukunqaba ukulashwa
- . Ulwazi ngomshwalensi wempilo.

## **IZINTO OKUFANELE ZENZIWE IZIGULI**

- . Ukuphatha abesebenzi bezempilo ngenhlonipho nangokuzithoba
- . Ukunikeza ulwazi aluyiqiniso nolubalulekilo ukuze ulashwe
- . Ukuhambisana nemigomo yokwelashwa
- . Ukubuza ngemali yokukhokha nangezindlela zokukhokha
- . Ukuphatha kahle amarekhodi esibhedlela uma esekuwe
- . Ukuvikela nokuphatha kahle indawo yesibhedlela
- . Ukusiza ekugcineni isibhedlela sihlanzekile
- . Ukuhlonipha imithetho ebekwe unsumpa wesibhedlela

## **ESIKWENZAYO KANYE NOZOKUZUZA KITHINA**

Isibhedlela IR.K. Khan siyisibhedlela sesfunda kanye nesifundazwe esisebenza ngenqubo mgomo yomnyango wezempilo esifundazweni nakuzwelonke.

## **UKUNAKEKELWA OKUTHOLAKALAYO**

- . Abagula kakhulu kanye nabalimele- 24 amahora izimo eziphuthumayo
- . Iziguli ezingalali- Umsombuluko kuya kuLwesihlanu 08:00-16:00
- . Abalaliswayo
- . Umthalampile ezingeni lokuqala
- . Ukuzinekela ukuhlolwa igazi kanye nokuqeqeshwa

- . Umtholampilo wesandulela ngculazi kanye nengculazi
- . Ukwelashelwa ingculazi
- . Ukuvikela ukuthelelana kukamama kumntwana
- . Umtholampilo wezingane
- . Umtholampilo wabenqondo
- . Emazinyweni
- . Ukuhlela umndeni

#### **AMAPHEPHA ODINGA UKUWAPHATHA UMA UZA ESIBHEDLELA**

- . Umazisi/ipasi
- . Isiqinisekiso sendawo ohlala kuyo (njengencwadi yamanzi)
- . Isiqinisekiso somholo
- . Imininingwane yo mshwalense wakho wempilo
- . Uma uholo impeshani ikhadi lakho lempesheni

#### **UMA UKHETHELWE UKULALISELWE UKUHLINZELWA UCWANINGO**

- . Phatha umazisi/pasi wakho
- . Khipha bonke ubucwebe obugqokile
- . Ungaphathi imali amakhadi asebhange kanye nomakhala ekhukhwini
- . Kuzofanele unikeze invume yokunhlinzwa emtholampilo noma uma
- . usulaliswa (iziguli ezingaphansi kweminyaka engu 18 kufanele kube nemvume yomzali

#### **IZIMPAHLA ZESIGULI**

- . Zibhaliswa encwadini yezingubo, zigcinwe ziphephile ehovisi lokubhalisa abalaliswayo. Siyacela uqikelele ukuthi lezizinto uyazithatha uma usugoduka.
- . Izinto zakho ozibeke amakhabatheni eziguli.
- . Isibhedlela asikhokheli izinto ezilahlekile.
- . Uma izinto zakho ozibekile isibhedlela zilahleka ngenxa yomlilo noma ukugqezwa. Isibhedlela sizokhokha u R50 noma ngaphansi.

#### **IZIKHATHI ZOKUDLA**

Isidlo sasekuseni	07:45-08:30
Isidlo sasemini	12:00
Itiye lantambama	14:30
Isidlo sakusihlwa	17:30

## **IZIKHATHI ZODOKOTELA**

- . 08:00—Kufanele kubenokuthula emagumbini eziguli
- . Zonke iziguli kufanele zibe semibhedeni yazo
- . Imisakazo nomakhalekhukhwini kufanele kucinywe

## **IZINTO EZINGAGUNYAZIWE**

- . Utshwala nezidakamizwa
- . Ukubhema esibhedlela
- . Ukugqokwa kwezicathulo ezinamasondo
- . Izithwebuli zithombe-kanyenezikomakhalekhukhwini
- . Izibhamu
- . Izikhali eziyingozi
- . Izilwane azivumelekile (ngaphandle kwezinja zabangaboni)

## **IZIVAKASHI**

- . Izivakashi ezimbili esigulini ngasinye
- . Ukuze kuvikelwe izingane ezifeni ezithathelanayo, izingane ezineninyaka engaphansi kweyishumi nambili azivumelakile
- . Phakathi nesikhathi sokuvakasha abavakashela iziguli ezigula kakhulu bavumelekile. Uma bevunyelwe uMhlengikazi ophethe lapho
- . Izingane zivumelekile emvakwe hora lesine uma isiguli sigula kakhulu noma sizohlala isikhathi eside esibhedlela, ngemvume kaMhlengikazi ophethe lapho.

## **IZIKHATHI ZOKUVAKASHA**

Umsombuluko kuya kuLwesihlanu 15:00-15:30

19:00-20:00

Ngomgqibelo 15:00-16:00

Ngesonto nanga Maholide 14:30-16:00

Ezindaweni zabagula kakhulu ICU/CCU, iziguli ezimbili kuphela ngesikhathi, abomndeni kuphela

## **INHLANZEKO**

- . Ungagcolisi, sebanzisa imigqomo kadoti ebekiwe
- . Ungayisebenzisi imigqomo anamaphepha abomvu
- . Ncgina indawo ihlanzekile, sebanzisa
- . Ncgina ikhabethe lakho lihlanzekile

## **ULWAZI KWABOMNDENI**

- . Izihlobo zizokwaziswa uma isiguli sikhishwa esibhedlela
- . Ukukhishwa, imiyalelo yokukhokha bazochazelwa
- . Izinto ebezibekiwe kufanele zisayinelwe, uphathe nepasi ukuze uzithole.
- . Abomndeni bayotshelwa uma kunashintsho ngesiguli nokudluliselwa kwesinye isibhedlela
- . Ababuza ngocingo ngesimo sesiguli bazofakwa egumbini lesiguli  
Phakathi kuka10:00-22:00
- . Isimo esijwayelekile sesiguli kuphela oyonikezwa sona.
- . Izingubo zakho azivumelekile
- . Abanemibuzo ngesiguli kumele bakhe uhlelo lesikhathi semibuzo nodokotela noma noMhlengikazi ophethe.  
-Amagumbi abalimele 10:30-15:30  
-Amagumbi abagulayo 10:00
- . Kufanele unikeze umhlengikazi inombolo yobomndeni wakho noma izihlobo ,noma ekamakhelwane wakho yocingo.

## **OKUTHOLAKALAYO**

- . Izindawo zomphakathi zokushaya ucingo
- . Isitolo siyatholakala esibhedlela. Iziguli kufanele zicele imvume kumhlengikazi ophethe, ukuya esitolo.

## **IWODI LEZINGANE**

- . Abazali noma ababheki kufanele bahambisane nemigomo yokulaliswa kwezingane esibhedlela .
- . Abazali nababheki kuphela abavumelekile ukungena egunjini lezingane ezishile ngenxa yobungozi bokuthelelana kwamagciwane .
- . Ningayishiyi imali ,amaships, ojusi noma amaswidi nezingane.
- . Odokotela bafika ngo 08:00-10:00 amahora .
- . Akuvumeleke muntu ngesikhathi sodokotela

## **IZINDLELA ZEZIKHALAZO**

- . Uma uhlangabezana nezinkinga tshela umhlengikazi ophethe ewodini noma kuleyondawo noma umethiloni wesifunda.
- . Uma behluleka ukukusiza yiya kumphathi womnyango wezikhazazomxhumanisi otholakala lapha:
- . Ihhovisi elingu nombholo 1 emahhovisi okubhaliswa abalaliswayo.  
Kusukela kuMsombuluko kuya kulwesihlanu ngo 07:45 -16:00.
- . Emva kwamahora noma ngama holide nama ngeszimpelasonto.Iya kumathiloni osebenzayo.

**UKUTHOLA ULWAZI** : 0800 005 133( kuvulwe amahora 24)

**IBHOKISI LEMIBONO**-libekiwe ezindaweni ezithize,sicela ulisebenzise akubhaleni imibono kanye nemphatho yethu .

Uma kukhona ulwazi olungekho kulelibhukwana sicela ukhulume nomphathi walwlo wodi noma noMxhumanisi

**IMIGOMO YE BATHO PELE (ABANTU KUQALA)****KUKUFUNWAKOLWAZI NEZELULEKO**

Ungasitshela okufuna kithina

**IZINGA LOSIZO**

Qiniseka ukuthi izethembiso zethu ziyafezwa

**UKUTHOLAKALA KOSIZO**

Usizo olulinganayo kuwona wonke umuntu

**IMPATHO**

Ungakuvumeli ukucaswa

**ULWAZI**

Unelungelo lokuthola ulwazi olugcwele

**UKUVULELEKA KOSIZO**

Konke makubekwe obala

**UKULUNGISA**

Izikhalo zakho mazibhekelelwe

**UBUMQOKA BEMALI**

Ukusetshenziswa kwemali ngendlela efanele

**USHINTSHO NOKUKOMELISA**

Ukubeka ngempumelelo imibono eyakhayo

**UKUHLANGANYELA NOMPHEKATHI**

Imibono yomphakathi inesidingo ukuze kwenziwe

**UMTHELELA KUMAKHASIMENDE**

Uma sibheka lokhu sisuke sibhekisisa usizo oluolwa ngamakhasimende ngaphakathi emsebenzi nangaphandle komsebenzi. Lokhu kusiza ekusebenziseni ngokuhlanganyela imigomo eyisishagalolunye. Le migomo iba yinkomba yokuthi amakhasimende agculisikeli ngosizo alutholayo kumbe kusadingeka kwenziwe kangcono. Konke lokhu kuyimizamo yokuqinisekisa ukuthi amakhasimende ayazi futhi ayaqondisisa ukuthi angawasebenzisa ngokukhululeka amalingelo awo njengoba kubekiwe ngaphansi kwemigomoye Batho Pele.

IZINOMBOLO EZIQONDILE

Uma ufisa ukubuza imibuzo maqondana nesigui ungafonela kulezinombolo ezilandelayo emuva kuka 10:0.

**ABALALISWAYO/ABAPHUMAYO NEMIBUZO**

(031)459 6014/ (031)459 6015/ (031)459 6016/6121

**CCU**

(031)459 6363/ (031)459 6364/ (031)459 6370

**ICU—INTENSIVE CARE UNIT**

(031)459 6368/ (031)459 6365/6(031)459 366

**D1—FEMALE SURGICAL**

(031)459 6149 / (031)459 6150

**D2- MALE SURGICAL**

(031)459 6175 / (031)459 6176

**D3—FEMALE MEDICAL**

(031)459 6188/ (031)459 6189

**E1—FEMALE MEDICAL**

(031)459 6152 / (031)459 6153

**E2—MALE MEDICAL**

(031)459 6178/ (031)459 6179

**E3—MALE MEDICAL**

(031)459 6191/ (031)459 6192

**M1- ANTENATAL WARD**

(031)459 6163

**M2 POST NATAL / NURSERY**

(031)459 6181/ (031)459 6182/ (031)459 6183/ (031)459 6382

**M3- GYNAE WARD**

(031)459 6194/ (031)459 6195

**04- ORTHOPAEDIC WARD**

(031)459 6211/ (031)459 6214/ (031)459 6212

**P5—PEDIATRIC WARD**

(031)459 6224/ (031)459 6225/ (031)459 6227

**ABI- PSYCHIATRIC WARD**

(031)459 6406

---

**UMPHATHI SIBHEDLELA**  
**DKT. P. S. SUBBAN**

---

**UMXHUMANISI**  
**NKZ K. CHETTY**